Isifundo 6

**Nhlolanja 3-9*

Izimpawu Zenceku

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Heb. 11:8–12; Rom. 4:13, 18–21; Matt. 6:24; Heb. 9:14; 1 John 5:2, 3; Luke 16:10–12.

Indimana Yekhanda:
“Umuntu makasazi ukuthi siyizikhonzi zikaKristu nabaphathi bezimfihlakalo zikaNkulunkulu. Futhi-ke kufuneka kubaphathi ukuba umuntu afunyanwe ekholekile” (1 Korinte 4:1, 2).

Izinceku zaziwa ngophawu lwazo oluzehlukanisayo kwabanye, njengoba nabanini zitolo baziwa ngezimpawu zabo zokuhweba. Empeleni, abantu abaningi sebethole udumo ngokuzenza bona babe namagama abazuzela imali. Uphawu lwenceku engumKrestu lubonakalisa uthando lukaKrestu ngobudlelwane enabo naYe. Uma siphila ngokwemfanelo kaKrestu, izimpilo zethu zizobonakalisa uphawu lwethu. Uphawu lwethu uphawu lwaKhe; ubuthina bethu buhlangene nobaKhe (1 Kor. 6:17).

Kuleliviki sibuka ukucubungula izimfanelo zesimilo sezinceku zikaNkulunkulu ezakha uphawu lwaKhe. Lezimfanelo zisifaka ugqozi lokuthi sibheke ekubuyeni kukaJesu, nokwenza umsebenzi asiphathisa wona njengezinceku ezethembekile zeqiniso laKhe. Uphawu ngalunye luchaza ubudlelwane obujulile esingaba nabo naLowo oweza ukufuna nokusindisa abalahlekileyo. Uma lezi zimpawu zifundwa kabanzi, zizongena zijule ezimpilweni zethu. Isimilo sothando sikaNkulunkulu, kuyo yonke imikhakha yaso, sizokuba uphawu lwethu, sibe nomthelela kuyo yonke impilo yethu, namhlanje naphakade.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Nhlolanja 10.*

Ukukholeka

"Futhi-ke kufuneka kubaphathi ukuba umuntu afunyanwe ekholekile." (1 Korinte 4:2). Ukulwa nokunqoba "ukulwa okuhle kokukholwa" (1 Thim. 6:12) kubalulekile encekwini ekholekile noma eyethembekile. "Ukwethembeka" yilokho ayikho uNkulunkulu nesifanele ukuba yikho ngokuthi asebenze ngaphakathi kwethu. Ukwethembeka kusho ukuhlala uqinisekile kulokho okwaziyo ukuthi kulungile, kakhulukazi phakathi kwezivunguvungu zezimpi zenkolo. Izimpi zenkolo phakathi kokulunga nesono, okuhle nokubi, zizofika nakanjani. Ziyingxenye yempi yokukholwa. Isinqumo esiluphawu lwezinceku ngazo zonke izikhathi, ukukhetha ukwethembeka. Uma uthanda ingcebo, qiniseka ngokuhlala wethembekile kuNkulunkulu nalokho akushoyo maqondana nezingozi zokuthanda imali. Uma ulangazelela udumo, hlala wethembekile kulokho okushiwo yiZwi likaNkulunkulu ngokuzithoba. Uma usemzabalazweni wokunqoba imicabango yezinkanuko, hlala wethembekile ezithembisweni zobungcwele. Uma ufuna amandla okuphatha, hlala wethembekile kulokho uNkulunkulu akushoyo ngokuba yinceku yabo bonke. Ukukhetha ukwethembeka noma ukungathembeki kuvame ukwenziwa ngokuphazima kweso, nakuba imiphumela ingase kube eyaphakade.

Funda kumaHeberu 11:8-12, 17-19, namaRoma 4:13, 18-21. Lezindimana zisifundisani ngokwethembeka na?

Olimini lwesiHeberu "ukukholeka" kusho ukwethemba. Umsuka walelogama usinika igama elithi "amen," kanti lisho "ukuqina" noma "ukusimama." Ukukholeka kusho ukuthi sivivinyiwe, sahlala sisimeme ekuzinikeleni ecebweni likaNkulunkulu. Ezilungisela ukukhuluma phambi kombusi, uMvuseleli uMartin Luther "wafunda izwi likaNkulunkulu, waphinde wabuka akubhalile, wahlela impendulo yakhe ngendlela efanelekile….Wasondela eMibhalweni engcwele….ngokuqhutshwa yimizwa wabeka isandla sakhe sobunxele eMibhalweni engcwele, waphakamisela esokudla ezulwini , wafunga ukuthi uzohlala ethembekile evangelini, afakaze ngenkolo yakhe ngokukhululeka, noma kungadingeka ukuthi lobo bufakazi buhambisane nokuchitheka kwegazi lakhe."—J.H. Merle d'Aubigne, *History of the reformation* (New York: The American Tract Society, 1846), vol. 2, book 7, ikhasi 260.

Funda kuSambulo 2:10. Kufanele athini kithina amazwi athi "thembeka kuze kube sekufeni" ohambweni lwethu lwansuku zonke neNkosi na?

_____

_____

Ukwethembeka

" 'Akakho ongakhonza amakhosi amabili. Ngokuba uyakuzonda enye, athande enye, noma abambelele kwenye, adelele enye. Ningekhonze uNkulunkulu noMamona' " (Math. 6:24). Lendimana isifundisani ngokubaluleka okukhulu kokwethembeka kuNkulunkulu na?

Ulwazi lokuthi igama likaNkulunkulu lisho "uMhawu" (Eks. 34:14) kufanele kusivuse emaqandeni, sithembeke. Ukwethembeka kuNkulunkulu onomhawu ukwethembeka kothando. Ekulweni kokukholwa, ukwethembeka kusisiza ukuchaza ukuthi singobani futhi kusikhuthaze ukuthi sihlale empini. Ukwethembeka kwethu kubalulekile kuNkulunkulu (1 Amakhosi 8:61). Akuyona inkontileka ezama ukuthi kusuke konke okuphazamisayo kuqala; futhi akulona-nje uhla lwemithetho. Kunalokho, isivumo esibonakalayo sokukholwa kwethu, ukukholwa kwethu, nokuzinikela.

Funda ku 1 Izikronike 28:9. Lendimana isifundisani ngokubaluleka kokwethembeka?

Kodwa lapho kukhona ukwethembeka, kukhona nethuba lokuphoxakala. Ukwethembeka, njengothando, akube okokuzithandela, kungenjalo, akusikho ukwethembeka kweqiniso. Empini ngesinye isikhathi amabutho ayibambe lapho ishisa khona ayacindezelwa ukuba ahlale, alwe; ngaphandle kwalokho izikhulu zawo zingawadubula. Lamasosha angawenza umsebenzi wawo, kodwa kungengoba ethembekile. Lokho akusikho ukwethembeka uNkulunkulu akufuna kithina. Bheka uJobe. Wangazibonanga izigameko ezinzima ezazizoshaya zibhuqe umndeni wakhe, impahla yakhe, kanye nempilo yakhe. Wayenakho ukudela ukwethemba, uthando, nokuzinikela; kodwa ukwethembeka kwakhe kuNkulunkulu kwaba yisinqumo esinganyakazi sokuzikhethela. Ethembekile futhi engesabi ukudumisa uNkulunkulu esidlangaleleni, wakhuluma lamazwi aziwa kakhulu: " 'Noma angangibulala, kodwa ngizokumethemba' " (Jobe 13:15, NKJV). Ukwethembeka kwakhe ebhekene nenhlekelele yingqikithi yokwethembeka, futhi kuyisibonelo sokwethembeka kwenceku yoqobo.

Zibuze: Ngethembeke kangakanani eNkosini eyangifela na? Yiziphi izindlela engingabonakalisa kangcono lokho kwethembeka na?

Unembeza Omhlophe

Ziningi izinto eziyigugu esingaba nazo. Impilo, uthando, abangane, umndeni omuhle—lezinto zonke ziyizibusiso. Kodwa mhlawumbe esinye sezinkulu kunazo zonke unembeza omhlophe.

Funda kumaHeberu 10:19-22 no 1 Thimothewu 4:1, 2. Kusho ukuthini ukuba "nonembeza omubi" "nonembeza oshiswe ngensimbi eshisayo na"?

Unembeza wethu usebenza njengento yangaphakathi kwethu eqaphe impilo yethu yangaphandle. Unembeza udinga ukuhambisana nomgomo ophelele nophakeme: umthetho kaNkulunkulu. UNkulunkulu wabhala umthetho waKhe enhliziyweni ka Adamu, kodwa isono sacishe sawucima—hhayi kuphela kuye, kodwa nakuzizukulwane zakhe. Kwasala amanenjana-nje omthetho. "[Abezizwe] babonakalisa ukuthi umsebenzi womthetho ulotshiwe ezinhliziyweni zabo, nonembeza wabo uyafakaza naye" (Rom. 2:15). UJesu uyanqoba lapho u-Adamu wehluleka khona ngoba umthetho kaNkulunkulu wawubhalwe "ngaphakathi kwenhliziyo yaKhe" (iHubo 40:8, NKJV).

UPawulu uthi yini okuyisona sixazululo kuphela kunembeza omubi na? bheka kuHeb. 9:14.

"Ikamelo likanembeza elinobulwembu kudingeka kungenwe kulo. Amafasitela omphefumulo awavalelwe izwe, avulelwe izulu ukuze imisebe ekhanyayo yeLanga lokulunga izongena ngokukhululeka….Umqondo awugcinwe uvulekile futhi umsulwa ukuze ukwazi ukwehlukanisa phakathi kokuhle nokubi."—Ellen G. White, *Mind, Character, and Personality,* vol. 1, amakhasi 327, 328. Uma umthetho kaNkulunkulu sewubhalwe enhliziyweni yomuntu okholwayo (Heb. 8:10), naye ngokukholwa efuna ukulandela lowo mthetho, okulandelayo kungaba unembeza omhlophe.

Uma wake wahlushwa unembeza wecala, uyazi ukuthi kungakubi kangakanani lokho, kuyabelesela, akukuniki ukuphumula. Ukugxilisa amehlo kuJesu nokufa kwaKhe esiphambanweni ngenxa yakho nesono sakho, kungasiza kanjani ukukukhulula esiqalekisweni sikanembeza wecala na?

Ukulalela

U-Abela waguqa ngokulalela e-altare lakhe, ebambe iwundlu lomhlatshelo njengokuyala kukaNkulunkulu. UKayini, yena waguqa ngentukuthelo kwelakhe i-altare ephethe izithelo. Bobabili baletha iminikelo, kodwa oyedwa kulabafana owalalela umyalo kaNkulunkulu. Iwundlu elihlatshiwe lemukeleka, kodwa izithelo zomhlabathi zenqatshwa. Bobabili labafana babeyiqonda kahle imiyalo eqondene nokunikelwa kwemihlatshelo, kodwa munye kuphela owalalela okwashiwo uNkulunkulu (Gen. 4:1-5).

"Ukufa kuka Abela kwakungumphumela wokwala kuka Kayini ukwamukela icebo likaNkulunkulu lokulalela, ukuze asindiswe ngegazi likaJesu Krestu, elalimelwe umhlatshelo okhomba kuKrestu. UKayini wenqaba ukuchitha igazi, elalimele igazi likaKrestu elalizochithekela umhlaba."—Ellen G. White Comments, *The SDA Bible Commentary,* vol. 6, ikhasi 1109.

Ukulalela kuqala emqondweni. Kuhlanganisa isimo esibucayi sokwamukela ngengqondo ukuziphendulela ukwenza imiyalo evela egunyeni elingaphezulu. Ukulalela kusuka ekubeni nobudlelwane nothile osemagunyeni, nokuvuma ukulalela lowo othile. Ebudlelwaneni bethu noNkulunkulu, ukulalela kwethu kuyisenzo sokuzikhethela, nothando olubumba ukuziphatha kwethu kufanele okushiwo yimithetho yokulunga. Ukulalela uNkulunkulu kufuneka kuqonde-ngqo, njengokuyala kwaKhe, hhayi njengoba kufisa thina. Indaba kaKayini iyisibonelo esihle somuntu owenza okwakhe esikhundleni sokwenza okushiwo uNkulunkulu.

Funda ku 1 Johane 5:2, 3 namaRoma 1:5; 10:16, 17. Lezindimana zisifundisani ngokuthi kusho ukuthini ukulalela kumuntu ongumKrestu, osindiswe ngokukholwa ngaphandle kwemisebenzi yomthetho na?

_____

_____

Asilaleli ukuze sisindiswe; silalela ngoba sesisindisiwe vele. Ukulalela ukumemezela ukuthi uyakholwa. USamuweli watshela uSawuli ukuthi:; " 'UJehova wenamela iminikelo yokushiswa nemihlatshelo ngaphezu kokulalelwa kwezwi laKhe na? Bheka, ukulalela kuhle kunomhlatshelo, nokuqaphela kuhle kunamanoni ezinqama' " (1 Sam. 15:22).

Wayesho ukuthini uSamuweli uma ethi " 'ukulalela kuhle kunomhlatshelo' "? Lokho kufanele kusitsheleni thina maKrestu oluzosisiza singaweli evangelini lamanga lomusa oshibhile?

_____

Uyathembakala

Funda kuLuka 16:10-12. Lokhu kusifundisani ngokwethembakala? Kungani loluphawu lubaluleke kangaka kumuntu oyinceku ethembekile na?

Lomthetho wokuthembakala ubonakala kulo lonke iBhayibheli. Isibonelo, kwenye indaba izikhulu ezine zabaLevi abalinda amasango babephathiswe umsebenzi wokuvikela ithempeli laseTestamenteni eliDala ebusuku. Babelindeleke ukuqapha amagumbi anengcebo, bagcine izihluthulelo ukuze bavule njalo ekuseni (1 Izikronike 9:26, 27). Banikwa lomsebenzi ngoba batholakala bethembekile. Ukuthembakala uphawu lwenceku enhle. Lokhu kusho ukuthi izinceku ezithembakalayo ziyaqonda ukuthi kusho ukuthini ukubaluleka kwendima yazo; ziyaqonda ukuthi uNkulunkulu uyathembakala, nabo bazozamela ukuba njalo (Duter. 32:4, 1 Amakhosi 8:56).

Ukuthembakala kusho ukuba nezimpawu zesimilo ezikhaliphile. Yilona zinga eliphakeme lwesimilo nekhono umuntu angafinyelela kulona emehlweni abakubukayo. Ukubonakalisa isimilo sikaNkulunkulu kusho ukuthi uzokwenza lokho othe uzokwenza, kungakhathaleki izimo noma abantu abakufaka ingcindezi ukuba wenze okunye (2 Amakhosi 12:15). UDaniyeli wayethathwa njengothembakalayo amakhosi emibuso emibili omhlaba. Udumo lwakhe empilweni yakhe yonke njengomeluleki othembakalayo owayekhuluma ukuhlakanipha neqiniso emakhosini wayehluke kakhulu kunabalumbi basesigodlweni nezangoma. Ukuthembakala yisicoco ekuziphatheni; kukhangisa ngezimiso zakho zokuziphatha ngakho konke ubuhle bazo. Loluphawu lwenceku aluveli ngomzuzwana-nje, kodwa lwakheka esikhathini eside ngokwethembeka ngisho nasezintweni ezincane.

Abanye bayakubona ukuthembakala kwethu. Bayasihlonipha, bethembele kithina ngoba bayazi ukuthi asiguqulwa kalula yimibono , noma amazwi abushelelezi. Ukuthembakala ngaleyo ndlela ukukhangisa ngokusebenza kwesimilo kuwo wonke umsebenzi oqhubekayo emhlabeni, okuyiyona ndawo yokulungisela izulu. “Sidinga ukuba abantu abathembekile, bombuso kaKrestu, ukuze labo abanobuzwe bezobona kahle ubucebi, ubuhle, umusa, ubumnene, nomusa wezakhamuzi zasembusweni kaNkulunkulu.”—Ellen G. White, *Testimonies for the Church,* vol. 6, ikhasi 190.

Cabanga ngomuntu othile omazi kahle, othembakalayo. Ungafundani kulowo muntu olungakusiza wethembakale kakhulu nawe?

Ukujula Nomcabango: Olunye uphawu lwenceku enhle ukuziphendulela komuntu ngokwakhe. "Kwakulokhu kuyicebo likaSathane ukudonsela izingqondo zabantu ebantwini, zisuke kuJesu; nokuphelisa ukuziphendulela komuntu ngamunye. USathane wehluleka kulelicebo mhla wayelinga iNdodana kaNkulunkulu; kodwa wathola impumelelo uma esefika ebantwini abasesonweni. UbuKrestu bonakala."—Ellen G. White, *Early Writings*, ikhasi 213. Uma uKrestu ephakathi naphakathi kwethu, sivulelekile ekuqondisweni nguYe. Okulandelayo, ukukholwa kwethu, ukwethembeka kwethu, ukulalela kwethu, unembeza omhlophe, ukuthembakala, nokuziphendulela kwethu kuzobonakaliswa ezimpilweni zethu. Kanjalo-ke njengezinceku, siyapheleliswa ezandleni zikaNkulunkulu .(iHubo 139:23, 24). Ukuziphendulela komuntu ngamunye isimiso seBhayibheli esidingekayo. Esesemhlabeni, uJesu wayenokuziphendulela kuYise (Johane 8:28). Sinokuziphendulela ngalo lonke izwi eliyize (Math. 12:36). " 'Ngokuba yilowo nalowo ophiwe okuningi, kuye kuyofunwa okuningi' " (Luka 12:48). Okuyiyona into enkulu eyingozi ekuziphenduleleni komuntu ngamunye, umkhuba wokudlulisela icala komunye umuntu. "Akukhumbuleke ukuthi akuyona eyethu lempahla esiyiphathisiwe ukuze siyandise ngokubekelela. Ukuba bekunjalo, besingazithathela amandla okwenza izinqumo ngokuthanda kwethu; besingadlulisela ukuziphendulela kwabanye abantu, sishiye kubo ubunceku bethu. Kodwa akusebenzi kanjalo ngoba uNkulunkulu usenze saba yizinceku zaKhe ngabanye ngabanye."—Ellen G. White, *Testimonies for the Church,* vol. 7, ikhasi 177.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Buka zonke izimpawu ezihlukene zenceku esifunde ngazo kuleliviki: ukuziphendulela, ukuthembakala, ukulalela, ukwethembeka, unembeza omhlophe, ukukholeka. Zizonke, zihlobene kanjani? Ubudedengu kolunye uphawu bungaholela kanjani ebudedengwini kolulandelayo? Noma ukubambelela kolunye uphawu kungaholela kanjani ekubambeleleni kwezinye?

2. Ake ugxile indlela izithembiso zevangeli ezingasiza ngayo labo abahlushwa unembeza omubi. Yiziphi izithembiso abangazithathela zona?

3. Sivame ukubuka "ukwethembeka" njengento enhle ngokwayo. Kodwa ngabe kunjalo ngazo zonke izikhathi na? Kungenzeka yini ukwethembeka kumuntu noma into engeyinhle? Kungani-ke, lomqondo "wokwethembeka" kufanele siwubuke ngaphansi kwesimo esithile esiqonde-ngqo, ukuze sibone ukuthi lokho kwethembeka kuhle noma akufanelekile?